CYPSA
"caring for our future"

Umphakathi Okhathazekile
Concerned Young People of South Africa

NPO Reg No: 078 436

2021/12/10

Mkristu othandekayo

IMashi yokuphakamisa uKristu

Sekusobala ukuthi igugu lethu lobuKristu kanye nenkululeko yeNkolo kusengozini. Nakuba la malungelo equkethwe kuMthethosisekelo, izimiso zobuKristu zihlaselwa nsuku zonke yize noma u-86% wabantu baseNingizimu Afrika bethi bangamaKristu.

Ukubulala, udlame oluqondiswe kubantu besifazane kanye nobugebengu kuyingxenye yempilo yaseNingizimu Afrika. I-INTERPOL isibize iNingizimu Afrika njengenhloko-dolobha yokudlwengula emhlabeni. Inkohlakalo idlangile kuwo wonke amazinga omphakathi. Abashushumbisi babantu bathumba abantu abasha. Izinxanxathela zezitolo nemigwaqo ayisaphephile. Izithombse zobulili ezingcolile kanye nokufundiswa ngocansi ingcaca ezikoleni zethu kubangela amacala ocansi.

Imiphumela engemihle yezibalo nesayensi iyona esingayilindela uma kuqhutshekwa nokufundiswa kwe-Comprehensive Sexual Education (CSE), okuwuhlelo lwezifundo oluqhamuka emazweni angaphandle. Ukusetshenziswa kwezidakamizwa kanye namaqembu ezigebengu kudlangile. Siyekelelwe ukuthi sizigade thina, asisaphephile ngisho noma siya esikoleni.

Sinqume ukuthatha isinyathelo ngokumasha eThekwini mhlaka-16 Disemba 2021 siveza obala lezi zinkinga. Imashi izoqala eKing Dinizulu Park (ebhekene neDurban Christian Centre) ngo-11h00 bese idlulela kuWest Street (Dr Pixley kaSeme Street) ize iyofika ehholo i-Durban City Hall. Imemorandamu echaza ngokukhathazeka kwethu izonikezwa iMeya yeTheku ngehora leshumi nane (14h00), futhi izobe ibalula isidingo sokubuyela ezimisweni zeBhayibheli emphakathini wethu. *Sicela ukuba uhlanganyele nathi noma uhlele imashi yomhlaka-16 endaweni yangakini.*

Yima uqine ezimisweni zakho zobuKristu nasezimisweni zeBhayibheli. Sikholelwa ukuthi uKristu uyimpendulo ezinkingeni zomphakathi zaseNingizimu Afrika; Futhi uma silazi ikhambi, kungani kufanele sithule? Shumayela iZwi kuyisikhathi noma kungesiso uphakamise igama likaKristu, iNdodana kaNkulunkulu kanye noMsindisi womhlaba ngokuhlanganyela nathi mhlaka 16 December.

Ukuqinisekisa ukuba khona kwakho noma uma ufuna ukwazi kabanzi ungaxhumana nathi nge-imeyili ku-mail@cypsa.org.za. Yiba noKhisimusi obusisekile osekelwe kuKristu.

Ozithobayo

B Mhlongo

Okhulumela Umphakathi Okathazekile (CYPSA)

Tel 032 481 5742 / Fax 032 481 5031 / mail@cypsa.org.za / www.cypsa.org.za